

NAL'IBALI

Ask us!

At Nal'ibali we are often asked for reading advice. There are some questions that people have asked us often over the years. So, we thought we would share the five most frequently asked questions with you – as well as our responses to them.



Buza thina!

KwaNal'ibali sivamise ukubuzwa ngeziluleko ngokufunda. Kukhona imibuzo abantu abebavame ukusibuza yona eminyakeni eyedlule. Ngakho-ke, sicabange ukuthi sabelane nawe ngemibuzo emihlanu esivamise ukuyibuzwa – kanye nezimpendulo zethu kuyona.

STARTING AND STOPPING

What's the point of reading to babies when they don't understand what you are reading?

Reading to babies and toddlers stimulates their thinking and develops their language. They may not be able to speak yet, but they are listening and engaging with every word that you say! Sharing books is also a great way to bond with your baby. When she enjoys looking at books with you, she learns that books are things that make her feel good! And so, she's more likely to want to learn to read them later on.

My child has learnt to read. Should I stop reading aloud to him?

No! Find books which you think he would enjoy, but are still a little bit too difficult for him to read on his own, and read these aloud to him.

UKUQALA NOKUYEKA

Bafundelelwani abantwana abancane kakhulu ngoba abaqondi nokuthi ufunda ngani?

Ukufundela abantwana kanye nezingane ezicathulayo kukhuthaza ukucabanga kwazo bese kuthuthukisa nolimi lwazo. Noma zingakakwazi ukukhuluma, kodwa zilalele futhi, nazo zibamba iqhaza ekubhekeni igama ngalinye olishoyo! Ukwabelana ngezincwadi kuyindlela enhle futhi yokuxhumana nomntwana wakho. Uma ethokozela ukubuka nawe izincwadi, ufunda ukuthi izincwadi ziyizinto ezikwenza uzizwe ukahle! Ngakho-ke, usemathubeni amaningi okuthi afune ukufunda ukuzifunda izincwadi ekuhambeni kwesikhathi.

Ingane yami isiyakwazi ukufunda. Ngabe kumele ngiyeke ukuyifundela kakhulu?

Cha! Thola izincwadi ocabanga ukuthi ingazithokozela, kodwa ezithanda ukuba nzima ukuthi ingazifundela zona yodwa, bese uyifundela zona kakhulu.

WHICH BOOKS?


Which books are good ones to read to my child?

Any book that your child enjoys is a good book because it encourages their love of reading and books. Always try to find books in your child's mother tongue and read those together before you start introducing books in another language.

YIZIPHI IZINCWADI?

Yiziphi izincwadi ezikahle engingazifundela ingane yami?

Noma iyiphi incwadi ethokozelwa ingane yakho iyincwadi ekahle ngoba ikhuthaza uthando lwayo lokufunda nolwezincwadi. Zama ngaso sonke isikhathi ukuthola izincwadi ezingolimi lwasekhaya lwengane yakho bese nizifunda ndawonye ngaphambi kokuba uqale ukwethula izincwadi ezingolunye ulimi.



INSIDE!

Get your 2020 literacy calendar!

NGAPHAKATHI!

Thola ikhalenda yakho yowezi-2020 yezokufunda nokubhala!




Sharing books

How often and for how long should I read to my child?

If possible, you should read aloud to your child every day for 15 minutes. Some children may want to spend more time than this sharing books with you. Other children – especially very young ones – may find it difficult to concentrate for 15 minutes. Your children should always enjoy you reading to them and it shouldn't feel like a chore, so rather break the 15 minutes up into smaller chunks of time.

I want my children to respect books and take care of them. How can I teach them to do this?

If your children see you treating books with respect, they will learn to do this too. If they get pleasure from you reading aloud to them, they will take good care of books because they treasure the stories in them!



Ukwabelana ngezincwadi

Kumele ngiyifundele kangaki, futhi isikhathi esingakanani ingane yami?

Uma kungenzeka, kumele ufundele ingane yakho kuzwakale nsuku zonke imizuzu eyi-15. Kungenzeka ukuthi ezinye izingane zifune ukuchitha isikhathi esingaphezu kwalesi zabelana nawe ngezincwadi. Ezinye izingane – ikakhulukazi ezincane kakhulu – kungenzeka zikuthole kunzima ukugxila kulokhu imizuzu eyi-15. Kumele izingane zakho zithokozele njalo ukuzifundela kwakho futhi akumele lokhu kuzwakale kunjengomsebenzi, ngakho-ke kungcono ukuthi uhlukanise imizuzu eyi-15 ibe yizikhathi ezahlukene.

Ngifuna ukuthi izingane zami zizihloniphe futhi zizinakekele izincwadi. Ngingazifundisa kanjani ukuthi zenze lokhu?

Uma izingane zakho zikubona uphethe izincwadi ngendlela ekhombisa ukuzihlonipha, nazo zizofunda ukwenza okufanayo. Uma zithokoziwa ukuzifundela kwakho kuzwakale, zizoziphatha kahle izincwadi ngoba zazisa izindaba ezingaphakathi kuzo!



Drive your
imagination



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXWAYO.

Your story

We love getting stories written by you!

Here is the story about Chai. It was written in English by FUNda Leader, Tebogo Machai from Vosloorus.

Chai was a physically challenged boy who wanted to play football like every boy. Every time when the boys of the village were playing soccer, Chai would wait off the field watching the boys kicking the ball around. What was more enticing to Chai was when the boys were calling each other to pass the ball around, like, "Themba, pass, pressure him!" and so on.

One day the boys realised how desperately Chai wanted to play football and they decided to surprise him.

Themba asked, "But Chai cannot run fast. What can we do to involve him?"

"Oooh, I have a plan. Let us pretend that we are struggling to catch up to him," said Neo.

Well, after the boys were done planning how to include Chai in their team, they went to Chai's home and asked him to come and play with them because Rob was not feeling well.

"But I cannot run fast like any one of you guys," said Chai embarrassed.

The boys said, "No, Chai, as long as you can walk fast. Besides we are a team and we rely on each other."

Chai was so excited as he put his soccer boots on and marched onto the football field.

Upon their arrival at the football ground, the ball started to roll and they gave it to Chai who was waiting for it. The spectators were cheering behind Chai saying, "Go! Go! Chai!"

As he was nearing the goalkeeper, the members of the other team pushed each other pretending to catch and block Chai. But when Chai was very close to the goalkeeper, he kicked the ball which was missed by the goalkeeper and it was a goal. Everyone was cheering the name, "Chai! Chai! Chai!" as he was lifted up.

That was the biggest day of Chai's life. Even today, the picture of Chai being lifted after scoring that goal still hangs on his bedroom wall.

Indaba yakho

Siyathanda ukuthola izindaba ezibhalwe nguwe!

Nayi indaba ngoChai. Yayibhalwe ngesiNgesi yi-FUNda Leader, uTebogo Machai waseVosloorus.

UChai kwakungumfana okhubazekile owayefuna ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo njenganoma yimuphi umfana. Njalo nje uma abafana besigodi bedlala ibhola, uChai wayelinda ngaphandle kwenkundla abukele abafana bekhahelela ibhola. Okwakumchaza kakhulu uChai kwakungesikhathi abafana sebezizana ngokuphaselana ibhola, njengokuthi, "Themba, ngiphasele!" nokunye.

Ngolunye usuku abafana babona ukuthi uChai wayenentshisekelo kangakanani yokudlala ibhola base benquma ukwenza angakulindlele.

UThemba wabuza, "Kodwa uChai akakwazi ukugijima ngokushesha. Yini esingayenza ukumfaka naye?"

"Wo, nginesu. Masenze sengathi sikuthola kunzima ukumfaka," kusho uNeo.

Nebala, ngemuva kokuthi abafana sebeqedile ukuhlela ukuthi bazohlanyela kanjani noChai eqenjini labo, bahamba baya kubo kaChai base bemcela ukuthi eze azodlala nabo ngoba uRob wayengaphilile kahle.

"Kodwa mina angikwazi ukugijima kakhulu njengani bafowethu," kwasho uChai enamahlonyana.

Abafana bathi, "Cha, Chai inqobo nje uma ukwazi ukuhamba ngokushesha. Ngaphandle kwalokho nje, siyiqembu futhi yilowo nalowo wethembele komunye."

UChai wayengeve ethokozile ngesikhathi efaka amakhokho akhe eseshayela phezulu engena enkundleni yebhola.

Lapho sebefika enkundleni yebhola, ibhola laqala ukugingqika base belinikeza uChai owayeselilindile. Izibukeli zazihlokoma ngemuva kukaChai zithi, "Awuzwa-ke! Awuzwa-ke! Chai!"

Ngesikhathi esondela kunozinti, amalunga elinye iqembu adudulana enza sengathi abamba futhi avimba uChai. Kodwa kwathi lapho uChai esondele kakhulu kunozinti, walikhahelela ibhola kanti nonozinti uzohluleka ukulibamba, kwabe sekuyigoli njalo. Wonke umuntu wayelibiza ngokuhalalisa igama, "Chai! Chai! Chai!" ngenkathi ephakanyiselwa phezulu.

Lolo kwakuwusuku olukhulu kakhulu empilweni kaChai. Ngisho nanamuhla, isithombe sikaChai ephakanyiswa ngemuva kokushaya igoli sisalengiswe obondeni lwekamelo lakhe lokulala.

Send your pictures and stories to info@nalibali.org, or to The Nal'ibali Supplement, The Nal'ibali Trust, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700. Remember to make sure that we know that you want them published in the Nal'ibali Supplement and include your name and contact details.

Thumela izithombe zakho kanye nezindaba ku-info@nalibali.org, noma ku-The Nal'ibali Supplement, The Nal'ibali Trust, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700. Khumbula ukwenza isiqiniseko sokuthi siyazi ukuthi ufuna sizishicilele kuSithasiselo sikaNal'ibali futhi ufake igama lakho kanye neminingwane yokuxhumana.

WIN! WINA!



For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *Woof-woof!* (pages 7 to 10), and email it to team@bookdash.org, or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). (Your review could be published in a future Nal'ibali Supplement!) Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Hhu-hhu!* (amakhasi 7 kuya kwele-10), bese ulithumela nge-imeyili ku-team@bookdash.org, noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngothwitha ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). (Iqoqa lakho lokuhlaziya lingashicilelwa kuSithasiselo sikaNal'ibali sangesikhathi esizayo!) Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.



LITERACY CALENDAR 2020

IKHALENDI YOKUFUNDA NOKUBHALA NGOWEZI-2020



Celebrate the power of stories and reading throughout the year!



Bungaza amandla ezindaba kanye nokufunda unyaka wonke!

JANUARY
UMASINGANA

Creativity Month
Inyanga Yobuciko Bokusungula

31 Multicultural Children's Book Day
Usuku Lwezincwadi Zezingane Zamasiko Amaningi



FEBRUARY
UNHLOLANJA

5 World Read Aloud Day
Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale

21 International Mother Language Day
Usuku Lolimi Lwebele Lwamazwe Ngamazwe



MARCH
UNDASA

20 World Storytelling Day
Usuku Lokuxoxa Izindaba Lomhlaba

21 World Poetry Day
Usuku Lomhlaba Lwezinkondlo

★ APRIL
UMBASA

2 International Children's Book Day
Usuku Lwamazwe Ngamazwe Lwezincwadi Zezingane

23 World Book Day
Usuku Lomhlaba Lwencwadi

MAY
UNHLABA

Get-Caught-Reading Month
Inyanga Yokutholakala Ufunda

25 Africa Day
Usuku Lwe-Afrika



JUNE
UNHLANGULANA

Youth Month
Inyanga Yentsha

Diary Month
Inyanga Yedayari

30 Social Media Day
Usuku Lwezinkundla Zokuxhumana

JULY
UNTULIKAZI

1 International Joke Day
Usuku Lwamazwe Ngamazwe Lwamahlaya

18 Mandela Day
Usuku LukaMandela



AUGUST
UNCWABA

9 Book Lovers' Day
Usuku Lwabathandi Bezincwadi

21 Poets' Day
Usuku Lwezimbongi



SEPTEMBER
UMANDULO

Heritage Month
Inyanga Yamagugu

Literacy Month
Inyanga Yokufunda Nokubhala

8 International Literacy Day
Usuku Lwamazwe Ngamazwe Lokufunda Nokubhala



★ OCTOBER
UMFUMFU

International School Library Month
Inyanga Yamazwe Ngamazwe Yomtapo Wezincwadi Wesikole

16 Dictionary Day
Usuku Lwesichazamazwi

NOVEMBER
ULWEZI

International Picture Book Month
Inyanga Yamazwe Ngamazwe Yencwadi Enezithombe

15 I-Love-To-Write Day
Usuku Lokuthi Ngiyathanda Ukubhala

DECEMBER
UZIBANDLELA

5 International Volunteer Day
Usuku Lwamazwe Ngamazwe Lwabasebenza Ngokuthanda

7 Letter Writing Day
Usuku Lokubhala Incwadi eposwayo




Collect the Na'ibali characters

Cut out and keep all your favourite Na'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

About Mbali

Age: 2

Brother: Neo

Lives with: her mother, father, Gogo and Neo

Friend: Rahul

Favourite colour: pink

Books she likes: nursery rhymes, but she also likes pretending to read her brother's books

Things she likes to do: dressing up, and pretend-reading to her teddy bear and to Bella's dog, Noodle



Qoqa abalingiswa bakwaNa'ibali

Sika ukhiphe bese ugcina bonke abalingiswa obakhonzile bakwaNa'ibali bese ubasebenzisa ukuzakhela izithombe, amaphosta, izindaba noma yini-ke okunye ongakucabanga okungokwakho!

Mayelana noMbali

Iminyaka yobudala: 2

Umfowabo: uNeo

Ahlala nabo: unina, uyise, uGogo noNeo

Umngani: uRahul

Umbala awukhonzile: ophinki

Izincwadi azithandayo: imilolozelo, kodwa futhi uthanda ukwenza sengathi ufunda izincwadi zikamfowabo

Izinto athanda ukuzenza: ukugqoka ngokulingisa, kanye nokwenza sengathi ufundela unodoli wakhe nenja kaBella, uNoodle

Here's an idea ...

- ✂ Cut out and colour in the picture of Mbali and paste it on a large sheet of paper. Draw a thought bubble next to Mbali's head. Then draw a picture inside the thought bubble to show what she is reading about.
- ✂ Keep the picture in a safe place and when you have collected all the Na'ibali characters, use them to create your own Na'ibali poster!

Nawu umbono ...

- ✂ Sika ukhiphe bese ufaka umbala isithombe sikaMbali bese usinamathisela esiqeshini esikhulu sephepha. Dweba ibhamuza lomcabango eduze kwekhanda likaMbali. Emva kwalokho dweba isithombe phakathi kwebhambuza lomcabango ukukhombisa ukuthi ufunda ngani.
- ✂ Gcina isithombe endaweni ephephile, kuthi uma usubaqoqe bonke abalingiswa bakaNa'ibali, ubasebenzise ukuzakhela iphosta yakho yakwaNa'ibali!



Did you know ...


By June 2019, **115 114** children were registered at Na'ibali reading clubs – that's 1 in every 170 South African children!

Uthi ubuwazi ...

NgoNhlanguvana wezi-2019, izingane eziyi-**115 114** zabhaliswa emathimbeni okufunda akwaNa'ibali – okungukuthi ingane e-1 ezinganeni eziyi-170 zaseNingizimu Afrika!

Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguqhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguqhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination



Waqala manje ukukhathezeka uNgeve. Waqala manje umsebenzi ukuhamba kancane. Izilwane zazilokhu zimjeze njalo uNgeve, zilindele okuya ngesethunjini. NoNgeve wayelokhu ebhoke ngasesangweni lepulazi lakhe. Akuphi amakhosikazi? Ayibuyanga ngani indodana yakhe? Eshphoxekile, engasena kusho lutho ezilwaneni, wasuka lapho esoyozitholela yena ngokwakhe okwenzekile. Hobe, wathi esewusa umgwapo uNgeve wamanqala. Wabazi esekude ababedansa laphaya. La makhosikazi ayedela ngempela! Ngokufutheka, wakha ihlamvu lokuwashaya. Wazozwafundisa isifundo esingelibaleke.

Ugbuta... Now, Leopard was getting anxious. The animals were working more slowly. They kept throwing him glances, expecting him to offer them refreshments. So Leopard kept looking towards the entrance to his farm. Where were his wives? Why hadn't his son returned? Too embarrassed to say anything, he set off to find out. Well, you can guess what Leopard saw when he began marching down the road. Even from a distance, he recognised the dancers. How dare his wives ignore his orders! In a rage, he stripped a whipping branch from a tree. He would teach them a lesson they wouldn't forget.

Tortoise and his banjo


An Igbo tale from Nigeria

Ufudu nesiginci salo

Indaba yama-Igbo yaseNigeria

Beverley Naidoo

Piet Grobler



We publish what we like

This is an adapted version of "Tortoise and his banjo" from *Who is King?* published by Jacana Media and available in bookstores and online from www.jacana.co.za. This story collection is available in isiXhosa, isiZulu, English, Afrikaans and Sesotho. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to www.jacana.co.za.

Lolu shicilelo oluguquliwe lwendaba ethi, "Ufudu nesiginci salo" luphuma encwadini ethi, *Ngubani Inkosi?* eshicilelwe ngabakwaJacana Media futhi iyatholakala ezitolo zezincwadi kanye nakusizindalwazi ku-www.jacana.co.za. Leli qoqo lezindaba liyatholakala ngesiXhosa, isiZulu, isiNgisi, isiBhunu kanye nesiSuthu. AbakwaJacana bashicilela izincwadi zabafundi abancane ngezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola kabanzi ngezincwadi zakwaJacana vakashela ku-www.jacana.co.za.

© Jacana Media (South African rights only) Tel: 011 628 3200



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your imagination



Le!i culio lalingangondakali! Iimnandi kangangokuba indodana kaNgwe ayibange isawalala namaazwi alo. Yaqala ukudansa, inyakazisa umzimba, inqekuzisa nekhanda. Yayaluza, yakholwa ukuthi ithunywe.

Masingane kwafika abanye kuleyo ndawo yendodana kaNgwe. Kwakungamakhosikazi kayise ayengawukholiwe umsebenzi wawo, kodwa nawo azithela phezu kwalowo mculo omandi. Abeka phansi izimbiza zokudla nezigubhu zewayini ukuze akwazi ukudansa kahle. Ayaluza, ayaluza.



However, as the melody wafted towards him, it wove a spell over his feet, body and head. He dropped his whipping branch and began to dance. Whirling and swirling, Leopard Back in the field, the workers were utterly exhausted. Leopard had invited them to a work-PARTY. Where were the refreshments he had promised? How mean of Leopard to lie to them! Stomachs rumbled as the animals gumbled. Finally, taking their knives and hoes, they set off home.

They had not gone far before the music wafted towards them. It wove its spell over their feet, bodies and heads. Their hunger vanished. They too put down their tools and began to dance. Whirling and swirling, Zayaluza, zayaluza, zayaluza. Zayaluza, zayaluza, zayaluza.

Zithe ukusuka ensimini zawuzwa umculo. Wangena ezinyaweni, wenyukela emzimbeni nasekhanda. Yaphela indala. Nazo zabalahlala ocelemba namageja zaqala ukudansa. Zayaluza, zayaluza, zayaluza.

UNgwe wayebamemele ILIMA. Yikhona okuya ngasethunjini lokhu? Impela uyanqishana lo Ngwe! Zaqala ukuduma izisu. Ekugcineni, izilwane zathatha ocelemba bazo namageja azo zagoduka.

Zithe ukusuka ensimini zawuzwa umculo. Wangena ezinyaweni, wenyukela emzimbeni nasekhanda. Yaphela indala. Nazo zabalahlala ocelemba namageja zaqala ukudansa. Zayaluza, zayaluza, zayaluza.



Once, in a far, far land, Leopard needed workers for his farm. So he invited all the animals in his town to a work-party. He promised them plenty of food and palm wine if they helped him prepare his land for planting.

Ugbua ... Now, I should tell you that Leopard invited everyone except Tortoise. When Tortoise found out, he was very upset. He was also embarrassed that Leopard believed he was too weak for hard work. Well, thought Tortoise, I'll show him! Without saying a word, he set off to talk with Rabbit in the neighbouring town.

Ezweni elikude kakhulu kwakukhona uNgwe owayedinga izisebenzi epulazini lakhe. Wase emema zonke izilwane ukuba zibe khona elimeni kuleyo ndawo. Wethembisa ukuthi kuzoba khona ukudla okuningi newayini, uma zizomsiza ukulima inhlabathi kulungiselelwe ukutshala.

Kwamenywa zonke izilwane, ngaphandle kukaFudu. UFudu esezwile ukuthi akamenywanga, wenyela kakhulu. Wayephoxwe nawukuthi uNgwe ucabanga ukuthi akanamandla okwenza umsebenzi onzima. *Ngizomfundisa isifundo*, kucabanga uFudu. Wemuka lapho waya kokhuluma noMbila emuzini owawuseduze nalapho.


“Ngethamba ukuthi esikhathini esizayo awuzukuzilibala izidingo zabo bonke abantu bakini.” UFudu waphendukela kwezinye izilwane wathi, “Salani kahle, zisebenzi zikaNgwe! Salani kahle, badansi bami!”

Uthe angavalelisa uFudu, wabeletha isiginci sakhe emhlane, wehlela emgodini wakhe. Kwakuyindlela yakhe enqamulelayo yokugoduka.

Izilwane ezinye zangena indlela sezigoduka. Kwathatha isikhathi eside izilwane zilokhu zimkhumbuze njalo uNgwe ngephutha lakhe, ngokude zicula ingoma kaFudu enamazwi athi,

*“Kiri bamba kiri
Imihlane yenu niyephulelani uNgwe?”*





Ukudlala?
IN'ja ifuna ukudlala.



Play?
Doggy wants to play.



Lots more free books at bookdash.org



Woof-woof!
Hhu-hhu!

Nicolene Louw
Sindiwe Magona
Christelle Grobler
Busisiwe Pakade




Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your imagination




Bheka, iNja iletha ibhola.
Ibhola?



Catch the ball.
Yengaka ibhola.



Daddy!



Hhu-hhu phumai!



Woof-woof out!

Catch, Woof-woof!



Yenqaka, Hhu-hhu!



Look, Doggy's bringing the ball.
Ball?

Baba!



Hhu-hhu phumai!



Woof-woof out!

Don't be scared.



Ungesabi.

Bheka, uBaba uyadlala.




Look, Daddy's playing.

Now you play.

Ake udlale nawe.





Kuthe kungalindelwe, wavela uFudu. Wazidonsa izintambo zesiginci, kwezwakala umculo ovusa usikisiki. Waligala uFudu iculo lakhe, eliculela phezu, amazwi alo ezwakala ngokucacileyo. Izisebenzi zadansa zizwezwa kahle amazwi alo, zabudona ubuwula bazo. Imihlano yenu niyephulelani uNgwe? UFudu wacula waze wakubona ukukhathala kwabadansi. Ngokuphazima kweso wawuyeka umculo.

Ugwa... Now, Tortoise peeped out. With everyone there, he plucked the strings faster, adding thrills and trills. He began to sing his song more loudly, more clearly. As the workers danced, they heard the words and each felt a little foolish. *Why break your backs for Leopard?* Tortoise carried on playing until he sensed that the dancers were weary. Suddenly the music stopped.

“Next time, I hope you will not forget the needs of all your fellow creatures.” With that, Tortoise turned to the animals from his town. “Goodbye, Leopard’s workers! Goodbye, my dancers!”

Tortoise waved, slung his banjo on his back and descended into his tunnel. It was the shortest way home.

The other animals also set off along the road home. It would be a long time before Leopard was allowed to forget his mistake because, every now and again, he would hear someone singing,

*“Kiri bamba kiri
Why break your backs for Leopard?”*



The music was so mysterious and the melody so enchanting that Leopard’s son didn’t even listen to the words. His feet began to dance, his body swayed and his head nodded. Whirling and swirling, he completely forgot his father’s message. Very soon, Leopard’s son had company. His father’s wives hadn’t forgotten their task, but, as they came from town, they too were charmed by the music. They put down the plates of food and the gourds with palm wine so they could dance more freely. Whirling and swirling.



The next morning, all the invited animals gathered at Leopard’s farm. Each brought a knife or a hoe. Soon they were busy cutting and digging. They worked hard in the blazing sun. When it was nearly noon, Leopard saw the sweat on their bodies and sent his eldest son home to remind his wives to bring the refreshments.

Ugwa... Now, someone else was digging all that morning. That someone was quietly burrowing an underground tunnel to arrive near Leopard’s farm. That someone was Rabbit from the neighbouring town. He was also working very hard. Tortoise was going to pay him well.

Ngakusasa zonke izilwane zabuthana epulazini likaNgwe. Leso naleso silwane sasiphethe ucelemba noma igeja. Masinyane waqala umsebenzi, kwagawulwa, kwambiwa. Zazisebenza ngokuzikhandla izilwane, ilanga likhipha umkhovu etsheni. Kwase kuzoba semini bebade, ngesikhathi uNgwe ebona umjuluko emizimbeni yazo wase ethuma indodana yakhe endala ukuba iye kokhumbuza amakhosikazi ayo ekhaya ukuletha okuya ngasethunjini.

Kepha-ke, kwakukhona nomunye owayemba engabonwa ngaso lesu sikhathi. Wayebabele ukumba buthule ngaphansi komhlaba aze afike epulazini likaNgwe. Lowo-ke kwakunguMbila wasemzini owawuseduze nepulazi likaNgwe. Naye wayesebenza ngokuzikhandla okukhulu. Wayezokhokhelwa wuFudu.





“Zilwanandini nisebenzela uNgwe
Kiri bamba kiri
Zithuthandini, nisebenzela uNgwe
Kiri bamba kiri
Lahlani amageya emu, ziphukuphukundini
Kiri bamba kiri
Lahlani ocelemba benu, ziphukuphukundini
Kiri bamba kiri
Amandla emu maniwongele amasimu emu
Kiri bamba kiri
Umphefumulo wenu maniwongele izilimo zenu
Kiri bamba kiri
Imhlaneyenu niyephulelani uNgwe?”

Meanwhile, Tortoise tied his banjo to his back and waited for the dust to settle. When Rabbit announced that he had finished, Tortoise began crawling through his new tunnel. It was noon when he reached the far end. Carefully, he popped his head above the hole. Yes, he was near Leopard’s farm – and here was Leopard’s eldest son coming along the road! Tortoise slid down out of sight, untied his banjo and began to strum, while singing a little song,

*“Poor animals working for Leopard
Kiri bamba kiri
Silly animals working for Leopard
Kiri bamba kiri
Drop your hoes, foolish folk
Kiri bamba kiri
Drop your knives, foolish folk
Kiri bamba kiri
Save your strength for your own plots
Kiri bamba kiri
Save your breath for your own crops
Kiri bamba kiri
Why break your backs for Leopard?”*

Ngaleso sikhathi, uFudu wayebophele isiginci sakhe emhlaneyakhe, elindele ukufika kwesikhathi. Kuthe uMbila eseshilo ukuthi uqedile, uFudu waqala ukugaqazela emgodini omusha. Kwase kusemini bebade uFudu efika ekupheleni komgodi wakhe. Wayelunguza ngokuchophelela ngaphezu komgodi. Yebo, wase eseseduze nepulazi likaNgwe – nansi nje indodana kaNgwe iqhamuka ngomgwaqo! UFudu wasithela, wakhumula isiginci sakhe, waqala ukungambuza, ecula kancane iculo elithi,



The spell broke and Tortoise emerged from his hole. He fixed his eyes on Leopard.
“You didn’t invite me to work for you, Leopard. So, you see, I had to invite myself,” said Tortoise.
It was now Leopard who felt foolish. He didn’t say anything.
“You told everyone I was weak,” Tortoise continued.
Leopard remained silent.
“Am I and my banjo not strong enough to break your plan?” Leopard still said nothing.



Kwaphela ukuthatheka kwezilwane, waphuma emgodini wakhe uFudu. Wamuthi njo emehlweni uNgwe.

“Awungimemanga ukuzokusebenzela wena Ngwe. Ngakho-ke, ngizimemile mina.”


Kwase kunguNgwe manje owayezibona ubuwula. Wathula du.

“Utshela zonke izilwane ukuthi anginawo amandla okusebenza,” kuqhubeka uFudu.

Du uNgwe.

“Uyabona yini ukuthi mina nesiginci sami sinawo amandla okuchitha uhlelo lwakho?”

Waphelelwa ngamazwi uNgwe.



Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Tortoise and his banjo* (pages 5, 6, 11 and 12), *Woof-woof!* (pages 7 to 10) and *MaMiya's apples* (page 14).




Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi ongayizama. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *Ufudu nesiginci salo* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *Hhu-hhu!* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi, *Amahhabhula kaMaMiya* (ikhasi le-15).

Tortoise and his banjo

- ★ If you had been one of Leopard's workers, would you choose to work for him again in the future? Share your ideas with a family member or friend.
- ★ Design your own book cover for this story.
- ★ How do you think Leopard felt at the end of the story? What do you think he might have wanted to say to Tortoise after he had some time to think about what had happened? Write a letter from Leopard to Tortoise.



Ufudu nesiginci salo

- ★ Uma ngabe ubungesinye sezisebenzi zikaNgwe, ubuzokhethe ukuphinda umsebenzele futshi ngesikhathi esizayo? Yabelana ngemibono yakho nelunga lomndeni noma umngani.
- ★ Dizayina eyakho ikhava yale ndaba.
- ★ Ucabanga ukuthi uNgwe wayezizwa kanjani ekupheleni kwendaba? Ucabanga ukuthi yini ayengase afune ukuyisho kuFudu ngemva kokuba nesikhathi sokucabanga ngokwakwenzekile? Bhala incwadi ephuma kuNgwe iya kuFudu.



Woof-woof!

- ★ Look at the pictures in the book and retell the story in your own way. Or, write your own words for the story.
- ★ Was there something you used to be afraid of? What was it? How did you learn to not be afraid of it? Write the story.



Hhu-hhu!

- ★ Buka izithombe ezisencwadini bese uxoxa kabusha indaba ngeyakho indlela. Noma, bhala awakho amazwi endaba.
- ★ Ngabe ikhona into owawuyesaba? Kwakuyini leyo? Wafunda kanjani ukuthi ungayesabi leyo nto? Bhala indaba.



MaMiya's apples

Make your own spoon puppets of the characters in the story. Draw the characters' faces on some paper, cut them out and use Prestik to attach them to the back of spoons. Now have fun using your spoon puppets to retell the story!



Amahhabhula kaMaMiya

Yenza abakho opopayi abayizinkezo njengabalingiswa endabeni. Dweba ubuso babalingiswa ephapheni elithile, busike ubukhiphe bese usebenzisa iphrestikhi ukubunamathisela ngemva kwezinkezo. Manje thokozela ukusebenzisa opopayi bakho abayizinkezo ukuphinda uxoxe indaba!



MaMiya's apples



By Thanduxolo Mkoyi ■ Illustrated by Natalie and Tamsin Hinrichsen

One Wednesday morning, MaMiya woke up early, took her basket and went to the apple orchard. As she was leaving, her son, Mabhako, shouted, "Mama, it's only Wednesday. You normally go to the orchard on Sunday afternoons." MaMiya told him that she wanted to make apple juice to go with their supper. Mabhako smiled. He loved the apple juice that his mother made!

In the orchard MaMiya chose the biggest, greenest, juiciest apples. She put ten of them in her basket, put the basket on her head and walked home.



Mabhako was waiting for his mother by the gate. He was singing a song, "We are going to drink fresh juice, we are going to drink fresh juice, iyho, yho, yho!"

He saw two of his friends, Azola and her sister, Mbalentle, walking behind his mother. The girls were carrying something in their T-shirts. They were singing a song of their own, "We are going to eat scrumptious cold apples, we are going to eat scrumptious cold apples!"

Mabhako, who was looking forward to his mother's apple juice, ignored them. They pulled funny faces at him and laughed. Then they went to sit under the big tree near the taxi stop.

Inside the house, MaMiya got a shock when she looked in the basket. "Mabhako, I know I picked ten apples! But what has happened? There are only four apples here."

Mabhako checked his mother's basket and noticed that it had a hole big enough for an apple to fall through.

"I will walk back the way I came from the orchard," sighed MaMiya. "Maybe I will find my apples along the path."

After MaMiya had left, Mabhako remembered Azola and Mbalentle singing about eating apples. He hurried to the big tree. There they were, lying on their backs and eating green apples that looked really tasty! There were only three apples left now.

Mabhako was very disappointed in his friends. Instead of telling his mother about the apples that were falling from her basket, they had kept the fruit for themselves. He ran to the orchard to let his mother know what had become of her apples.

MaMiya was already on her way back, huffing and puffing. "Son, I could not find the apples. Let's just go back home," she said sadly.

"I know what happened to them, Mama!" said Mabhako, and he told her what the girls had done. "Let me show you where they are," he said.

But by the time MaMiya and Mabhako reached the tree, Azola and Mbalentle had disappeared. Only six apple cores lay on the ground. MaMiya put the apple cores in a plastic packet, tucked the packet into her pocket and went straight to Azola and Mbalentle's mother.

"MaDlamini! MaDlamini!" MaMiya shouted at the door.

"Hayibo, mfazi! I'm not deaf. What's the matter?" asked MaDlamini, as she reached the door. "MaMiya, why are you shouting?"

MaDlamini invited MaMiya into the house. As soon as she sat down, MaMiya got straight to the point. "Mfazi, your children have wronged me," she said. "I went to get some apples from the orchard. On my way home, I did not notice that my basket had a hole in it, and that six of my apples had fallen through the hole. I've just found out that your children picked up the apples I lost and ate them all."

MaDlamini could not believe it. She wanted proof of what her children had done. MaMiya explained that Mabhako had seen them, and she showed her the cores that they had found lying under the tree.

"I'm really disappointed, mfazi. That is not how I raised my children," sighed MaDlamini. "Maybe that is why they have been so scarce today. Let me call them." And with that she shouted for Azola and Mbalentle to come out of their bedroom.

When the two girls slowly appeared, she asked angrily, "You two, why did you steal MaMiya's apples?"


"We did not know they were hers, Mama," said Mbalentle.

"Then how do you explain just eating something that you picked up off the ground? I believe you knew exactly whose apples they were!" MaDlamini apologised to MaMiya and promised to deal with the girls a little later.

When MaMiya got home, she made juice with the remaining apples.

That afternoon, MaDlamini arrived at MaMiya's home with her girls. Azola and Mbalentle apologised to MaMiya and to Mabhako for stealing the apples. As part of the apology they were to help Mabhako clean the chicken run and the pigsty for a week. MaMiya accepted their apology and everyone was happy.

Then MaMiya took her deliciously cold apple juice from the fridge, and served it along with some steamed bread. Everyone ate and drank, and so by the end of the day there was peace and harmony between the neighbours again.





Amahhabhula kaMaMiya

NguThanduxolo Mkoyi Imidwebo nguNatalie noTamsin Hinrichsen



Ngolunye uLwesithathu ekuseni, uMaMiya wavuka kusempondozankomo, wathatha ubhasikidi wakhe waya ensimini yamahhabhula. Ngesikhathi esehamba, indodana yakhe, uMabhako, wamezeza, "Mama, yikhathi kunguLwesithathu nje. Uvamise ukuya ensimini yezithelo ntambama ngamaSonto." UMaMiya wamtshela ukuthi wayefuna ukwenza isiphuzo samahhabhula esizohambisana nesidlo sabo sakusihlwa. UMabhako wamoyizela. Wayesithanda isiphuzo samahhabhula unina ayesenza!

Ensimini uMaMiya wakhetha amahhabhula amakhulukazi, aluhlaza kakhulu, naconsisa amathe. Wafaka ayishumi awo ebhasikidini wakhe, wabeka ubhasikidi ekhanda wayesehamba ebuyela ekhaya.



UMabhako wayelindele unina esangweni. Wayecula ingoma ethi, "Sizophuza isiphuzo esisha, sizophuza isiphuzo esisha, yo, yo, yo!"

Wabona abangani bakhe ababili, u-Azola nodadewabo, uMbalentle, behambe ngemuva kukanina. Amantombazane ayephethe okuthile ezikibheni zawo. Ayeziculela ingoma yawo ethi, "Sizodla amahhabhula abandayo naconsisa amathe, sizodla amahhabhula abandayo naconsisa amathe!"

UMabhako, owayemagange elindele isiphuzo sikanina samahhabhula, akabanakanga. Bamhlinela base behleka. Base behamba beyohlala phansi kwesihlahla esikhulu eduze kwesitobhi samatekisi.

Ngaphakathi endlini, uMaMiya wethuka uma ebuka phakathi ebhasikidini. "Mabhako, ngiyazi ukuthi ngikhe amahhabhula ayishumi! Kodwa ngabe kwenzekeni? Kukhona amahhabhula amane kuphela lapha."

UMabhako wahlola ubhasikidi kanina wayesebona ukuthi unembobo enkulu ngokwanele ukuthi ihhabhula lingaphuma live.

"Ngizohamba ngiphindele emuva endleleni ebengihamba ngayo ngibuya esivandeni sezithelo," kuphefumulela phezulu uMaMiya. "Mhlawumbe ngizowathola amahhabhula ami endleleni."

Ngemuva kokuthi uMaMiya esehambile, uMabhako wakhumbula u-Azola noMbalentle becula ngokudla amahhabhula. Waphuthuma waya esihlahleni esikhulu. Babekhona lapho, belele ngemihlane bedla amahhabhula aluhlaza ayebonakala enambitheka ngempela! Kwase kusele amahhabhula amathathu kuphela manje.

UMabhako wayephoxekile ngabangani bakhe. Esikhundleni sokuthi batshele unina ngamahhabhula ayewa kubhasikidi, bazithathele wona. Wabe esegijima eqonde esivandeni sezithelo eyokwazisa unina ukuthi kwakwenzekeni ngamahhabhula akhe.

UMaMiya wayesevele esesendleni ebuyayo, ehfuzela futhi efutha ubala. "Ndodana, angiwatholanga amahhabhula. Masivele sibuyele ekhaya," esho ngokudangala.

"Ngiyazi ukuthi kwenzekeni kuwo, Mama!" kwasho uMabhako, wayesemtshela ukuthi ayenzi amantombazane. "Awuthi ngikukhombise ukuthi akuphi," kwasho yena.

Kodwa-ke ngesikhathi uMaMiya noMabhako befika esihlahleni, u-Azola noMbalentle base benyamalele. Kwakusele izinsalela zehhabhula eziyisithupha phansi. UMaMiya wafaka izinsalela eziyisithupha ephaketheni leplastiki, wayeseshutheka iphakethe lelo ekhukhwini maqede waqonda kunina ka-Azola noMbalentle.

"We MaDlamini! We MaDlamini!" kumemeza uMaMiya emnyango.

"Hhayi bo, nkosikazi! Kangisona isithulu. Kwenzenjani?" kubuza uMaDlamini, ngenkathi efika emnyango. "MaMiya, kungani uqhamuka usuthetha nje?"

UMaDlamini watshela uMaMiya ukuthi makangene endlini. Wathi nje angahlala phansi, uMaMiya wahlala ngqo endabeni. "Nkosikazi, izingane zakho zingonile," kusho yena. "Ngihambe ngayokha amahhabhula esivandeni sezithelo. Endleleni ebuyela ekhaya, angizange ngiqaphele ukuthi ubhasikidi wami unembobo, nokuthi amahhabhula ami ayisithupha ayewile ephuma ngale mbobo. Ngisanda kuthola nje ukuthi izingane zakho zicoshe amahhabhula alahlekile zawadla wonke."

UMaDlamini akazange akukholwe lokho. Wayefuna ubufakazi ngokwenziwe yizingane zakhe. UMaMiya wachaza ukuthi uMabhako wayezibonile, futhi wayesemkhombisa izinsalela ezinezinhlamvu ababezithole ngaphansi kwesihlahla.

"Ngiphoxeke ngempela, nkosikazi. Akuyona le indlela engikhulise ngayo izingane zami," kuphefumulela phezulu uMaDlamini. "Mhlawumbe yingakho zingabonwa nje namuhla. Awuthi ke ngizibize." Khona manjalo wayesememeza u-Azola noMbalentle ukuthi baphume ekamelweni labo lokulala.

Ngesikhathi amantombazane evela, wabuza ngentukuthelo, "Nina nobabili, niwantshontsheleni amahhabhula kaMaMiya?"


"Besingazi ukuthi ngawakhe, Mama," kwasho uMbalentle.

"Pho ukuchaza uthini ukudla izinto ozicoshe enhlabathini? Ngikholwa ukuthi beniwazi kahle ukuthi amahhabhuka bekungakabani!" UMaDlamini waxolisa kuMaMiya futhi wathembisa ukubhekana namantombazane ngemuva kwalokho.

Lapho uMaMiya efika ekhaya, wenza isiphuzo ngamahhabhula ayesele.

Ngaleyo ntambama, uMaDlamini wafika emzini kaMaMiya namantombazane akhe. U-Azola noMbalentle baxolisa kuMaMiya nakuMabhako ngokuntshontsha amahhabhula. Njengengxenywe yokuxolisa, babezosiza uMabhako ukuhlamba ihhoko lezinkukhu kanye negoqo lezingulube isonto lonke. UMaMiya walwamukela uxolo lwabo wonke umuntu wathokoza.

UMaMiya wase ekhipha isiphuzo sakhe esimnandi sehhabhula esibandayo esiqandisini, wabanikeza kanye nesinkwa esifusiwe. Wonke umuntu wadla waphuza, ngakho kwathi liyoshona ilanga kwase kukhona ukuthula noxolo futhi komakhelwane.



Nal'ibali fun






Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1.

Can you work out what Noodle loves to do? Find the pairs of bones that go together. Colour each pair the same colour.

Ungakwazi ukukhombisa ukuthi uNoodle uthanda ukwenzani? Thola amathambo ayimibhanqwa ahambisanayo. Faka umbala ofanayo kumbhanqwa ngamunye.

 listen to	 dog biscuits	 lalela	 amakhekhe ezinja
 dig	 squirrels	 egubha	 izingwejeje
 chase	 Bella reading animal stories	 egijimisa	 uBella efunda izindaba zezilwane
 bury	 holes	 egqiba	 imigodi
 eat	 bones	 edla	 amathambo

2.

Noodle has hidden some of his bones in the same place, but now he can't remember where that is. Can you help Noodle find them?

UNoodle ufihle amanye wamathambo akhe endaweni efanayo kodwa manje akasakhumbuli ukuthi kukuphi lapho. Ungakwazi ukusiza uNoodle awathole?

Answers: listen to Bella reading animal stories, dig holes, chase squirrels, bury bones, eat dog biscuits
 izimpendulo: lalela uBella efunda izindaba zezilwane, egubha imigodi, egijimisa izingwejeje, egqiba amathambo, edla amakhekhe ezinja



Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us by calling our call centre on 02 11 80 40 80, or in any of these ways:
 UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi 02 11 80 40 80, noma enye yalezi zindlela:

 www.nalibali.org
 www.nalibali.mobi
 [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)
 [@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)
 [@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)
 info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust and Arena Holdings Education. Translation by Dumisani Sibiya. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

Sowetan
 IN THE KNOW ON THE MOVE.

